**AMAZWI KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU OKWESEKA UMKHULEKO WOKUTHULA NGESIKHATHI SOKHETHO NANGEMUVA KWALO OWENZELWE EMATIMATOLO E-GREYTOWN MHLAKA 9 MAY 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu eSishayamthetho;
Amakhosi eseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya uMbomvu ongusokhaya walapha eMvoti;
Izimeya zonke ezikhona;
Amakhansela akhona;
Izinduna zamakhosi;
Abaholi bonke abamele amaqembu epolitiki;
Abaholi bezenkolo;
Abe-IEC
Abamele izinhlaka ezahlukene zomphakathi abakhona;
Abombutho wamaphoyisa nazo zonke izinhlaka zokugcinwa komthetho;
Abezindaba;
Abalandeli bamaqembu epolitiki wonke ameleleke lapha;
Abazalwane bonke okungenzeka bangabi semaqenjini kodwa bekhathazekile ngokuthula;
Ngiyanibingelela nonke ngithi sanibonani!

Masiqale ngokubonga kunina nonke ukuthi namukele isicelo sethu sokunimemela kulo mkhuleko esiwuthatha njengobaluleke kakhulu emkhankasweni wethu wokugcina ukuthula ngaso sonke isikhathi esifundazweni sethu.

Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kuwumphumela wemizamo eqale kusukela ngo-March walo nyaka ngenkathi uHulumeni wesifundazwe ethula uhlelo lokugcizelela ukubaluleka kokubekezelelana kwezepolitiki esifundazweni sakithi ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Okusempeleni indaba iqale ngasekupheleni konyaka odlule nasekuqaleni kwalo nyaka lapho isifundazwe sethu sibonakale sikhungathwa izibhicongo zokubulawa kwabantu, kokunye kusocongwe osopolitiki emiphakathini yethu.  Kwezinye izehlakalo kubulawa imindeni, noma amakhansela.

Ngokubona lesi simo, uHulumeni wesifundazwe uye wabona isidingo esiphuthumayo sokuba kube nemizamo yokukhuthaza ukuthula, intando yeningi nokuhlangana kwemiphakathi. Yingakho kwathi ziwu 10 ku-March 2011, uHulumeni wesifundazwe, uholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, wabiza umhlangano ohlanganisa abaholi bamaqembu epolitiki esifundazweni, ubambisene nabe-Independent Electoral Commission abaziwa nge-IEC njengoba kuyibona ababhekelene nokwengamela ukuvota kwamaqembu, kwabizwa namaphoyisa kanye nabaholi bendabuko kanye nabaholi bezenkolo.

Umhlangano wabe usuvumelana ngokuthi amaqembu awazibophezele kabusha emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct, ukukhuthaza ukubekezelelana kwezepolititki, ubumbano, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Ukuze konke lokhu kwenzeke kalula kube sekusungulwa ikomiti elihlanganisa wonke amaqembu epolitiki, u-IEC nobuholi bendabuko nobezenkolo.

Ikomiti libe selibeka phambili izindawo ezithile lapho kunesidingo esiphuthumayo sokuba uHulumeni angenelele kuzona ngenxa yomsindo nezinxushunxushu ezibangelwa ukhetho. Lezo zindawo zihlanganisa uMtshezi/ Mbabazane, Ulundi/ Nongoma, uMaphumulo/ Mandeni bese kuba amahostela aseThekwini.

Kodwa ngaphezu kwalezi zindawo, sibe sesivumelana ngokuthi noma iyiphi-ke enye indawo okuqhamuka inkinga kuyona ikomiti liyongenelela ngaleso sikhathi. Yingakho-ke ngoMsombuluko odlule besiseMkhambathini siyokhuza nakhona njengoba kubulawe obengenele ubukhansela endaweni yaKwaNyavu.

Siyawazi-ke umlando wodlame oluke lwahlasela izindawo zakoMkhambathini phambilini. Ngakho-ke besingeke singaphuthumi uma sekuvela isimo esinjena.

Ngithanda ukuthatha leli thuba ngisho ukuthi egameni likaHulumeni nabantu bonke baKwaZulu-Natali, sikubonga kakhulu ukubambisana esikubonayo uma sihambela zonke lezi zindawo ezisuke zinezinkinga. Sithanda ukuncoma kakhulu umoya wokusebenza ndawonye esiwubona uma sihlangene nabaholi bamaqembu epolitiki ngokunjalo nezinhlaka ezahlukene.

Njengamanje sengingasho ngeqholo ukuthi wonke amaqembu epolitiki angenele ukhetho KwaZulu-Natali azibophezele ekusebenzeleni ukuthula, ukubekezelelana kwezepolitiki bese ekhuthaza ukukhankasa ngokukhululeka kulolu khetho oluzayo.

Siyavumelana sonke ukuthi ukugqugquzela ukuthula, ukubekezelelana nokuhloniphana kumele kube wumsebenzi wansuku zonke kuyo yonke imiphakathi ukuze sakhe isifundazwe esinakekelayo.

Sesinethemba lokuthi kusuka manje kuya phambili, le ndlela yokubambisana iyona esizosebenza njalo ukubuyisela isimo sezepolitiki kwesifanelekile ezindaweni eziningi ezisalokhu zisihlupha ngezinxushunxushu.

Enye yezinto esibone ingasilekelela kakhulu kulolu hlelo lwethu iyo le esihlanganise namuhla yokuba sibe nama-rally okukhulekela ukuthula. Sithe abantu bezinhlangano ezahlukene abakhululeke, beze kule-rally begqoke imifaniswano yamaqembu abo ukuze wonke umuntu abone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu welinye iqembu.

Njengoba sihlangene lapha nje siqhamuka emabandleni ezenkolo ahlukene kodwa lokho akusivimbi ukuba sihlanganyele ndawonye. Ngisho nasemindenini yethu kuyenzeka sihlukane ngamabandla esikhonza kuwona. Kodwa asikaze sizwe sekuthiwa abantu abasangenelani ngoba omunye engasonti ebandleni lomunye.

Manje siyaye sizibuze-ke ukuthi pho lapha kwipolitiki kusuke kungasebona yini abantu abafanayo laba abasuke sebekwebhana ngenxa nje yokuthi omunye ulandela iqembu lepolitiki elehlukile kwelomunye?

Kufanele kuze kukhuze bani lapha ngoba phela naku siyasho sithi abaholi bamaqembu bazibophezele ekusebenzeni ngokubambisana ukuze kugcineke ukuthula? Ukhona yini umuntu ongazishaya isifuba ngokuthi uzuzile ngokuphehla udlame kwafa abantu? Ukhona yini umuntu ongazishaya isifuba ngokuzuza izidumbu, amathuna, amagqubu nenzondo esibona kudalwa yilolu dlame esifundazweni sethu?

Namhlanje-ke sithe masilethe inkonzo lapha eMsinga/ Greytown ukuze sinxuse uMdali ukuba naye angenelele ekutheni kube nokuthula esifundazweni sethu. Siyakholwa ukuthi abaholi bezenkolo kumele babambe iqhaza elikhulu ekushumayeleni ivangeli lokuthula nokuphepha.

Sikholwa ngukuthi izinhlaka zezenkolo ziyinsika yomphakathi njengoba zinomthelela omkhulu ekulungisweni kwezimilo zabantu. Siyakholwa futhi ukuthi uma sihlangana ndawonye emkhulekweni, amandla aba maningi kakhulu.

Ezimfundisweni zaKhe eBhayibhelini uJesu akafundisi ngamandla omkhuleko kuphela, kodwa nangamandla okuhlanganyela emkhulekweni. Wathi uma amakholwa amaningi ehlanganyela emkhulekweni uBaba wethu oseZulwini uyobanika abakucelayo (Matthew 18: verse 19 & 20). Masithembe ukuthi namanje uma kwanda ukukhuleka emhlabeni sizowabona amandla oMdali simnqobe njalo uSathane olokhu ahlasela isifundazwe sethu.

Kodwa noma sesikushilo konke lokho, uJesu watshela abafundi bakhe ukuthi labo abezwa iZwi lakhe, kodwa bahluleke ukwenza njengoba lisho, bafana nendlu engenaso isisekelo egugulekayo uma kufika isiphepho (Mathew 7: verse 24). Yingakho sinxusa abantu bakithi asebewuzwile umyalezo ovela kubaholi babo emaqenjini epolitiki ukuthi benze phela njengoba betshelwa.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi.

Ngakho kumele abhekane nabomthetho. Futhi uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho.

Noma sekuphume imiphumela yokhetho, okhale ngaphansi kumele akwamukele lokho angabe esefuna ukuphazamisa lowo onqobile.

Siyaninxusa-ke ukuba kube nokubambisana phakathi kwamaphoyisa nemiphakathi uma kunezimo ezixakile. Imiphakathi mayikhiphe ulwazi oludingekayo ukulekelela amaphoyisa ukuze kuboshwe izigilamkhuba. Nathi ngapha sesiwacije ngokwenele amaphoyisa ethu ukuthi asebenze ngeqiniso angachemi ngokwepolitiki uma ebhekene nobugebengu ngalesi sikhathi sokhetho.

Ngalawo mazwi ngithi masibambisane siye okhethweni sikhululekile.

**Ngiyabonga.**